



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL ASSESSMENT GENERAL EDUCATION CERTIFICATE (GEC)

2023 GRADE 9 PILOT STUDY

Isifundo: IsiZulu ulimi lokuqala lokwengeza(FAL)

Amamaki: 70

Isikhathi: Imizuzu eyi-150
ngaphandle kwemizuzu eyi-15 yokufunda

Lesi sivivinyo sinamakhasi angama 25, ngaphandle kwaleli khasi

Imiyalelo kumfundi

1. Unikezwe imizuzu eyi-15 yokufunda ngaphambi kokuqala isivivinyo.
2. Fundisisa yonke imiyalelo nemibuzo ngokucophelela.
3. Phendula yonke imibuzo.
4. Sebenzisa incwajana oyinikeziwe ukuphendula yonke imibuzo.

Ukuhlola kuqala ekhasini elilandelayo.



Ungaqali ukubhala ungakatshelwa.

Umbuzo 1: Isifundo sokuqondisisa

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ukudla okunempilo



- 1 Kuyisimanga ukuthi izinto ezithandwa kakhulu azinawo umsoco odingwa yimizimba yethu. Uma unganaka, imikhiqizo ethuthwa kakhulu yile eyizitha zemizimba yethu. Ucwangingo luveza ukuthi amaloli otshwala athutheleka kathathu ngesonto emalokishini ethu, ngenxa yokuphela ngokushesha kotshwala. Maye! Ayikho nencane impilo etholakala otshwaleni kodwa buhambisa okomlilo wequbula ezitolo. Umuntu nomuntu uyazikhethela impilo ayiphilayo kodwa kuhle ukuyibheka ukuthi leyo mpilo izokuqhuba isikhathi esingakanani.
- 2 Kunezinto okufanele siziqaphele uma senza imisebenzi yesikole ekhaya ikakhulukazi uma sifunda izinto okufanele zingene engqondweni. Kufanele siphuze amanzi njalo futhi sidle izithelo. Ukushisa okwenzekayo lapho uzivalele kukhathaza ingqondo bese uzizwa wozela, kungabe kusangena kahle nalokho okufundayo. Ukuphuza amanzi kwenza ingqondo iphinde iphaphame futhi. Ngakho – ke ngesikhathi ufunda hlala nesigubhu sakho esinamanzi abandayo ukuze uloku uwaphuza.
- 3 Kunohlobo lokudla oluzwakala lumnandi nezingane ziyaluthanda kodwa luyakhuluphalisana, singabala amashibusi, oswidi, o-ayisikhilimu nokunye okunjalo. Phela ushukela omningi egazini awumuhle neze. Izingane ezithanda lolu hlobo lokudla ziyakhuluphala bese zingenwa yizifo kalula. Uye uzwe nje ingane encane seyihamba udokotela wamazinyo. Phela amazinyo anamazinga awo nje. Akhona lawo avela kuqala esithi abathakathi, uma ephuma kuvela awokukhula ekugcineni kuvela amabamba. Lawo mazinyo-ke uma uke wahluleka ukuwanakekela ngenxa yalokhu kuthanda oswidi, awusophinde uwathole futhi.

- 4 Kubalulekile ukuthi siwanakekele okwezikhali zamaNtungwa amazinyo. Ukudla okunjengobisi nezithelo yikhona okuqinisa amazinyo, ukuze angahlaselwa yizifo kalula. Lokho kudla sikubiza ngokuthi amaphrotheyini namavithamini. Singabala izithelo, ubisi nemifino. Ukudla okunomsoco kwahlukahlukene futhi kwenza imisebenzi eyehlukene nasemizimbeni yethu. Ukudla okunama khabhohadreyithi isinkwa, amazambane nobhatata. Lokhu kudla kutholakala kalula futhi akubizi ngoba siyakwazi nokuzitshalela khona emakhaya ethu. Kungakho noHulumeni ekugqugquzela ukuthi sisebenze ngenhlabathi. Uma sidla izitshalo esizitshalele zona sizithola zisesimweni esihle. Ungeke waziqhathanisa nalezo ozithenga ezitolo ngoba zisuke sezihlale isikhathi eside kwaphuma umsoco odingwa yigazi. Lokhu kudla kuqinisa amathambo futhi kusinika amandla.
- 5 Kukhona futhi nokudla okusinika amaminerali; lokho ubhontshisi, amaqanda namakinati. Konke lokhu kudla esikwaziyo ukukuthola emakhaya. Amaminerali adingwa kakhulu amathambo ethu. Angeke ungenwe kalula isifo samathambo uma udla lokhu kudla. Kuyacaca ukuthi izifo eziningi zidalwa ukudla esikudlayo. Ubumnandi bokudla akwenziwa ubuningi bamafutha. Kukhona abantu abaye bathi bona abakudli ukudla okubilisiwe. Ukube bayazi ukuthi uma udla amafutha uzibizela igodi, uzoya kwagoqanyawo kungakafiki isikhathi.
- 6 Inyama kufanele siyishise ukuze ikhiphe amafutha, sigweme ukudla isikhumba senyama yenkukhu ngoba sinamafutha kakhulu. Uye uzwe lapho kuhlatshwe khona inkomo abantu bezitika ngenyama baze bathi “mina nje ngifuna le enenoni”, umkhuba omubi lowo uzofa ushiye ubumnandi bempilo. Amafutha avala imithambo yegazi. Lokho kwenza ukuthi igazi lingabe lisagijima kahle emzimbeni. Yingakho ubona abantu behlaselwa yisifo sohlangothi, kusuke kuvaleke imithambo yegazi.
- 7 Abantu kufanele bafundiswe indlela yokunakekela imizimba yabo ukuze bahlale bephilile, uma singenza lokho isizwe singakwazi ukuphepha. Asikhumbule ukuthi impilo ibalulekile. Uma ulalela imiyalelo kadokotela yokuba wehlise isikali soshukela ungakwazi ukuphephisa impilo yakho, sikhumbule ukuthi isala kutshelwa sibona ngomopho.

[Isuselwe: Encwadini isiZulu Sethu Ibanga le-8 2012 edition]

1.1 Kuyini okuvezwa ucwaningo mayelana nokuthuthwa kotshwala?

- A buthengwa kakhulu
- B bubulala amasotsha omzimba
- C bumnandi buyathandeka
- D buyisiphuzo esinoshukela (1)

1.2 Yini okufanele uyikhuthalele uma wenza umsebenzi wesikole ekhaya?

- A Ukuvuka uzivocavoce.
- B Udle uthole amandla.
- C Uphuze amanzi udle nezithelo.
- D Ugeze umzimba. (1)

1.3 Kusiza ngani ukudla izithelo uma ufunda.

- A Umqondo uhlala ukhaliphile.
- B Ukhumbula noma ungafundanga.
- C Ukwazi ukucabanga izimpendulo.
- D Ukuba umzimba wakho uqine. (1)

1.4 Uyini umphumela wokudla kakhulu ushukela?

- A Uyazaca uphelelwe amandla.
- B Uyakhuluphala ungenwe yizifo kalula.
- C Ulamba ngokushesha.
- D Uqinisa amazinyo namathambo. (1)

1.5 “Mina nje ngifuna le enenoni”. (Isigaba sesi-6)

Kungani kufanele sigweme ukudla inyama enonile?

- A Ihlahlambisa umzimba.
- B Icwebezelisa umzimba.
- C Ivilaphisa umzimba.
- D Ivala imithambo yegazi. (1)

1.6 Yimuphi umusho ofingqe kahle wonke umyalezo walesi siqeshana?

- A Ukubaluleka kokuzivocavoca.
- B Ukugcina amazinyo ehlanzekile.
- C Ukuzejwayeza ukudla okunempilo.
- D Ukuhlala wondlekile. (1)

1.7 Kubaluleke ngani ukuba sidle ukudla okubilisiwe?

- A Kugcina imizimba ihlale iphilile.
- B Kusipha amaminerali namavithamini.
- C Kuisiza ukuba singalambi ngokushesha.
- D Kuqinisa amazinyo namathambo. (1)

1.8 Isifo samathambo sihlasela abantu abaningi.

Yikuphi esingakwenza ukuze singangenwa yilesi sifo?

- A Ukuvuka uhlale ungenzi lutho.
- B Ukuthola ukudla okunamaminerali.
- C Ukugwema ushukela nosawoti.
- D Ukudla kane ngosuku. (1)

1.9 'Okwezikhali zamaNtungwa' (Isigaba sesi -4)

Khetha incazelo efanele yale nkulumo.

- A Ukuphatha into ngesikhwama.
- B Ukufihla endaweni ecashile.
- C Ukuqokelela izinto ndawonye.
- D Ukuphatha into ngokucophelela. (1)

1.10 Ubumnandi bokudla abenziwa ubuningi bamafutha. (Isigaba sesi-5)

Khetha umusho ovumelana nalesi sitatimende esingenhla.

- A Ukugwema ukudla okunamafutha.
- B Ukwazi ngezinhlobo ezahlukene zokudla.
- C Ukudla okunamafutha okukhuluphalisayo.
- D Ulwazi ngamafutha atholakala ekudleni. (1)

1.11 Kunamazinyo abizwa ngabathakathi. (Isigaba sesi-3)

Iyipi enye incazelo ehluke yegama elithi 'abathakathi'.

- A Abantu abakwazi ukufunda isimo sezulu.
- B Abasebenzisa amakhambi ukusiza abagulayo.
- C Abasebenzisa imithi yesintu ngendlela engalungile.
- D Abakhonze ukudla inyama. (1)

1.12 Khetha umusho oyiqiniso ngokwalesi siqeshana.

- A Ushukela omuningi uyadingeka egazini.
- B Ukuze inyama ikhiphe amafutha kufanele siyishise.
- C Ukudla okunempilo akutholakali kalula.
- D Ukudla okunamafutha amaningi kudingwa imizimba. (1)

1.13 Zehluka ngani izitshalo esizitshalela zona kunalezo ezithengwa esitolo?

A zitholakala kanzima

B ziyabuna

C ziyabiza

D zonga imali

(1)

1.14 Umbhali usebenzise la magama “Uzoya kwagoqanyawo.” (Isigaba sesi-5)

Ingabe uqondeni ngale nkulumo?

A Uzovuka esibhedlela.

B Uzoshesha ufe.

C Uzozibangela ukugula.

D Uzongena ezinkingeni.

(1)

1.15 “Ayikho nencane impilo etholakala otshwaleni.”

Ingabe le nkulumo iveza muphi umuzwa?

A okhomba injabulo

B oveza ukucasuka

C obonisa ukukhathazeka

D owokuncoma

(1)

1.16 Kungani uHulumeni ekugqugquzela ukuba sisebenze ngenhlabathi.

A Ukusibona ukuthi sikhuthele kangakanani.

B Ukuze songe imali ngokuzitshalela izitshalo.

C Ukubona ukuthi sihlakaniphe kangakanani.

D Ufuna sisebenzele yena.

(1)

1.17 Uphawu lokuloba ikhonco (ideshi) lusetshenziselweni embhalweni 'o-ayisikhilimu' (Isigaba sesi-3)

- A Ukuhlobisa umbhalo.
- B Ukulula amagama.
- C Ukwenza umbhalo ufundeke kahle.
- D Ukwehlukanisa onkamisa abalandelanayo. (1)

1.18 Khetha umusho oyiqiniso kulena elandelayo.

- A Angeke ungenwe yisifo samathambo uma udla ukudla okunamaminerali.
- B Ushukela omningi emzimbeni wenza ukuba uhlale wondlekile.
- C Ukudla okunjengobisi nezithelo yikona okubolisa amazinyo.
- D Inyama enamafutha amaningi kumele siyidle ukuze sihlale siphilile. (1)

1.19 Umbhali ubekusiphi isimo ngenkathi ebhala lesi siqeshana?

- A Ukhuthaza ukuba sidle ukudla okunempilo.
- B Ujabulisa labo abangadli izithelo.
- C Uncoma abathandi bamafutha.
- D Ugxeka abadla kakhulu. (1)

1.20 Lesi siqeshana sibhekiswe kobani?

- A Kwabakhonze ukudla.
- B Kwabakhulile ngeminyaka.
- C Kuwo wonke umuntu.
- D Kwabancane ngeminyaka. (1)

1.21 Yimuphi umuzwa okulenkulumo ethi “Ngokulalela imiyalelo kadokotela ungakwazi ukuphephisa impilo yakho”?

- A owokuphoqa
- B owokuyala
- C owokugxeka
- D owukucasuka

(1)

1.22 Asikhumbule ukuthi impilo ibalulekile (Isigaba sesi-7)

Likhuthazani iphimbo elisetshenziswa umbhali kwabafunda lesi siqeshana?

- A Ukunakekelwa kwempilo.
- B Ukudlala ngempilo yabo.
- C Ukudla kakhulu amafutha.
- D Ukuhlukana nokudla okunamaminerali.

(1)

1.23 Isiphi isifundo osithole emva kokufunda lesi siqeshana?

- A Kubalulekile ukuba sidle ushukela.
- B Ukuzivocavoca kulapha isifo samathambo.
- C Kubalulekile ukunakekela impilo.
- D Amaminerali awawulungele umzimba wethu.

(1)

1.24 Umbhali uphethe indaba yakhe ngesimo sokukhuluma esikhuthazayo esithi “Isala kutshelwa sibona ngomopho”.

Sichazani lesi saga esingenhla?

- A Kuhle ukulalela ukuze uzothandeka.
- B Ukungalaleli abangani uyohlala unesizungu.
- C Ukudlala kabi nabangani kuyingozi.
- D Ukungalaleli iziyalo kungaba nomphumela omubi.

(1)

1.25 Ukufunda lesi siqeshana kungaba namuphi umphumela kubafundi?

- A Bangavuka bayozivocavoca.
- B Bangakhuthazeka banakekele izimpilo zabo.
- C Bangadla lonke uhlobo lokudla.
- D Bangathanda ukulala emini.

(1)

[25]

Umbuzo 2: Umbhalo obukwayo

2.1 Isikhangisi

Funda umbhalo ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo

PHUZIMPILO

Amanzi iPhuzimpilo

Amanzi ayimpilo akunika konke okudingayo. Ehlisa isisindo somzimba, apholise ikhanda elibuhlungu abuye ehlise nengcindezi. Uma uphuza amanzi uphila ube ngumqemane. Ayatholakala ngamanani aphantsi. Umndeni wonke ungasizakala ngamabhodlela ayi-12. Nawe zitholele awakho.

Phuzimpilo!
Phuzimpilo!
12x1.5L

R12.99
Ibhodlela.

Phuza amanzi ube nempilo.

[Umbhalo wokuziqambela izithombhe zicashunwe ku-daveholland.design]

2.1.1 Hlobo luni lomkhiqizo okhangiswayo?

- A amanzi iPhuzimpilo
- B ibhodlela
- C ujusi
- D amafutha

(1)

2.1.2 Siqondiswe kobani lesi sikhangiso?

- A Abantu abasebenzayo.
- B Labo asebekhulile.
- C Kubantu abasha.
- D Kuwo wonke umuntu. (1)

2.1.3 Kungani kusetshenziswe ifonti egqamile esihlokweni salesi sikhangiso.

- A Ukugqamisa amanzi.
- B Ukuheha abantu ukuthi bathenge lolu hlobo lwamanzi.
- C Ukuba abafundi bafunde umbhalo.
- D Ukugquguzela uthando lwamanzi kubathengi. (1)

2.1.4 Khetha umusho onesingathekiso otholakala embhalweni.

- A Amanzi akunika konke okudingayo.
- B Ehlisa isisindo emzimbeni.
- C Amanzi ayaphilisa.
- D Ukuphuza amanzi kwenza ube ngumqemane. (1)


2.1.5 Yimuphi umyalezo umbhali ahlose ukuwudlulisa ngalesi sikhangiso?

- A Ukuba bathenge amanzi anempilo.
- B Ukugquguzela ukuthengwa kohlobo olulodwa lwamanzi.
- C Ukuphuza amanzi okuthengwa kuphela.
- D Ukukhuthaza abantu baphuze amanzi abizayo. (1)

[5]

2.2 Ikhathuni

Funda le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo



2.2.1 Bakuphi laba bantu? (1)

2.2.2 Banabudlelwano buni? (1)

2.2.3 Sinjani isimo somuntu ongasiphethe isiphuzo esandleni? (1)
(Esithombeni sokuqala)

- 2.2.4 Yikuphi okubili okukhombisa ukuthi bayaxoxa? Esithombeni sokuqala. (2)
- 2.2.5 Yikuphi okubili okukhombisa ukuthi abasaxoxi? (Esithombeni sesibili) (2)
- 2.2.6 Yini ebangela ukuba bangabe besaxoxa laba bantu? (1)
- 2.2.7 Nikeza umyalezo odluliswa umbhali ngale khathuni. (1)
- 2.2.8 Ukugqolozela omakhalekhukhwini kwalaba bantu kubaveza **bethukile** noma **bejabule**? Khetha impendulo efanele kula magama abhalwe ngokugqamile. (1)

[10]

Umbuzo 3: Ukufunda Nokubukela

Ukufingqa

Funda isiqeshana esimayelana **nezinyathelo okumele uzithathe uma uvula ibhizinisi** bese usifingqa ngokulandela imiyalelo elandelayo.

1. Bhala amaphuzu **ayisikhombisa** ngemisho egcwele noma ngesigaba.
2. Bhala izinombolo zomusho wakho kusukela kumusho woku- 1 kuya kowesi-7 noma isigaba.
3. Bhala iphuzu **elilodwa** emshweni.
4. Sebenzisa amagama **akho** lapho kufanele khona kodwa ungawushintshi umqondo wendaba.
5. Fingqa ngamagama angama-60 kuya kwangama-70.
6. Bhala inani lamagama owasebenzisile uwafake kubakaki ekugcineni kwesigaba.
7. Ungabe usasibhala isihloko.

Izinyathelo okumele uzithathe uma uvula ibhizinisi

Ziningi izinto okumele uziqaphele uma uvula ibhizinisi. Bhala uhlaka lwebhizinisi olucacisa indlela ozosebenza ngayo. Lokhu kungenziwa yinoma ubani ofisa ukungena emkhakheni wezamazibhizinisi. Kungaba abantu abanemfundo yeziqum noma abangenayo kepha abakhuthele nabazimiselayo. Ubuchule bokukhangisa nabo bubalulekile.

Thola ukuqeqeshwa ngabantu abanolwazi olunzulu ngohlobo lwebhizinisi olukhethile, ukukhlomisa ngamakhono ahlukeni. Ungakwenza lokho ngokuthola ukuqeqesheka okumahhala ezikhungweni ezithile ezixhaswe nguHulumeni, ukuze ungasebenzeli emuva esikhundleni sokwenza inzuzo. Izinkundla zokuxhumana nazo zingakwelekelela kakhulu ukuba uqeqesheke.

Kuhle ukuthola izeluleko ngokumele ukuqaphele uma ukhetha indawo yokusebenzela. Yiba nendawo ozosebenzela kuyo nezohheha kalula

amakhasimende akho. Indawo oyikhethayo makube ehambisana nohlobo lwebhizinisi olukhethile futhi kufinyeleleke kuyo kalula. Le ndawo kungaba eyasemakhaya noma edolobheni kuzoya ngohlobo lwebhizinisi lakho. Ukuba seduze namakhasimende akho kwenza izinto zenzeke.

Akukho okubi ngokufuna usizo lwezezimali lapho uludinga khona. Boleka imali ozokwazi ukuyikhokha njalo ngenyanga ngaphandle koku cindezeleka. Kungaba izikhungo zikaHulumeni noma zezinkampani ezizimele njengamabhange. Uxhaso lwemali ungaluthola ezikhungweni ezahlukahlukene kodwa kube ngezisemthethweni. Uboqaphela osomathuba abangamaqola lapho ufuna lolu sizo.

Khetha uhlobo lwebhizinisi oluzohambisana nolusezinhlelweni zamabhizinisi akuleli. Kulezo zinhlobo singabala ukuba nguzimele geqe, ukusebenza nomunye umuntu, ukusebenza ngokubambisana niyiqembu kanye nokuba nenkampani enamasheya avuleleke ukuthengwa yinoma ubani. Lokho kobe sekusho ukuthi usungene shiqe kwezamabhizinisi.

Bhalisa igama ibhizinisi lakho elizokwaziwa yibo bonke abantu. Kufanele ube nohlu lwamagama ama-3 kuya kwama-5. Lawa magama mawabizeke, akhumbuleke kalula futhi aqamise nomkhiqizo. Kula magama kuye kukhethwe igama elilodwa. Lelo gama liyobe selibuya selihamba nenombolo yebhizinisi.

Bhalisa emahhovisi okukhokhwa kwentela abizwa ngokuthi kukwa-SARS ukuze uthole isitifiketi esinenombolo yentela. Le nombolo iqondene nebhizinisi lakho uma selithola inzuzo emva kwemisebenzi osuke uyenzile. Kuphoqelekile ukukhokha intela minyaka yonke. Leyo ntela isetshenziswa uHulumeni ukuthuthukisa izwe lethu.

[Isuselwe ku <https://zu.inditics.com>]

Umbuzo 4: Izakhiwo Nezimiso Zokusetshenziswa Kolimi

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo.

Amaselula namathebulethi angawulimaza umqondo wezingane



- 1 Indodana yami eneminyaka emi-5 ubudala, ibiqala ibanga-R. Nami-ke njengomzali osefundile ngezimo ezingaholela ekutheni ingane igcine ingasaqhubi kahle esikoleni, ngike ngahlala phansi nobaba wasekhaya, sadingida udaba lokuthi indodana akusafanele isebenzise iselula yayo phakathi nezinsuku. Sivumelene ngokuthi kuhle iyithole ngoMgqibelo kuphela, futhi ibekelwe isikhathi ukuze iphumuze umqondo. Besazi ukuthi lolu daba ngeke lube lula neze ngenxa yokuthi ibisikujwayele ukuyisebenzisa ize izumeke.
- 2 Siyichazele ngale nqubo entsha yokusebenzisa iselula. Bonke abanezingane ezincane bazokwazi ukuthi le genge iwathanda kangakanani amaselula, imidlalo nezinqolobane zolwazi ezifana no-Google no-YouTube ezitholakala kuwona. Okusimangalisile wukuthi ivume kalula, kwangaba ngale ndlela ebesiyicabanga. Kungenzeka ukuthi yingoba besesike saluhlokoloza lolu daba ngamaholide. Uma ngibuka, okunye okusisizile kube ukuyichazela kunokuthi sivele siyiphuce noma siyifihle.
- 3 Kuyiqiniso esingelibalekele ukuthi ubuchwepheshe buwuthuthukisile kakhulu umphakathi, futhi benze kwabalula ukuxhumana kwabantu, ukutholakala kolwazi nokugcinwa kwalo njalonjalo. Ngeke sikubalekele ukuthi miningi imithelela engemihle uma ingane ichitha isikhathi esiningi neselula kanye nomabonakude ingagadiwe. Lapha singabala, ukungaziphathi ngendlela efanele kwengane. Izingane ezisemabangeni aphantsi ezemfundo uma zibuka omabonakude noma zisebenzisa amaselula amahora angaphezu kwamabili ngosuku, zingazithola zehluleka ukugxilisa umqondo emsebenzini wesikole futhi kungaphazamisa ubudlelwano bazo nontanga bazo. Ngasohlangothini lwezemfundo, ongoti baveza

ukuthi izingane ezinomabonakude emakamelweni azo, azenzi kahle esikoleni nasezivivinyweni zazo.

- 4 Ukuchitha isikhathi eside kumabonakude, ingane ingawunyakazisi umzimba, kungaholela ekutheni igcine isikhuluphala ngendlela enobungozi. Bangingi abantu abadala abasebenzisa omabonakude ukuze bazumeke, kodwa ezinganeni ukuwugqolozela zize zizumeke kushiya izithombe zisadlala emqondweni, okungazenza zigcine sezinenkinga yokulala. Lokhu kungaziphazamisa esikoleni ngenxa yokukhathala komqondo nomzimba. Ukubuka izinhlelo ezinesihluku kungaholela ekutheni izingane zigcine sezithatha izenzo ezinodlame nesihluku, njengento ejwayelekile bese zizenza kontanga yazo esikoleni nasemakhaya. Ngenxa yokungalawulwa kahle kwe-internet, kulula kakhulu ukuthi izingane zithi zizibhekele izinto eziqondane nemidlalo nomsebenzi wesikole, zivele ziqondane namafilimu nezithombe zocansi. Lokho kungawuphazamisa kakhulu umqondo wazo uma kwenzeka zisencane, zingakakulungeli ngokomqondo.
- 5 Kubalulekile ukuthola izindlela zokuzivimba lezi zithombe, ukuze ukwazi ukubona ukuthi zingena kumaphi amasayithi, futhi zibukani kuwo. Kufanele umzali angakusabi ukushaya umthetho futhi achazele ingane ngesizathu somthetho wakhe. Okunye okungasiza wukuthi abazali bazijwayeze ukuhlala baxoxe nezingane njengomndeni, ngaphandle kokuhlala kumaselula. Kubalulekile ukuthi abazali babuqonde ubungozi bokusetshenziswa kwamaselula nomabonakude kuze kweqe ukuze izingane zingangeni kulolu gibe.
- 6 Nazi izindlela zokunciphisa isikhathi sikamabonakude namaselula. Shaya umthetho njengomzali, kube nesikhathi esinqunyiwe ezingeke zidlule kusona uma zisebenzisa amaselula. Mawangasetshenziswa etafuleni uma kudliwa. Awacishwe amaselula nomabonakude. Emakamelweni mawucishwe umabonakude ngesikhathi sokulala.
- 7 Abazali bakhumbule ukuthi konke lokhu bakwenza ngoba bekhathalele ukukhula kahle kwengane nokugwema izinkinga. Izingane zingaqala zingawuzwa kahle umthetho, kodwa zigcine sezuwujwayele. Abazali bangakhohlwa ukuthi, “Ugotshwa usemanzi.”

[Sicashunwe ephephandani iLanga saphinde sahlalwa kabusha]

4.1 Hlobo luni lwebizo igama elithi 'umqondo'?(Isigaba soku-1)

- A ezinto ezibonakalayo
- B amabizoqho
- C amabizonto
- D ezinto ezingabonakaliyo

(1)

Ubuchwepheshe buwuthukisile umphakathi futhi benze kwabalula ukuxhumana.

4.2 Shono uhlobo lomusho olungenhla?

- A omagatshagatsha
- B oqondile
- C ombaxa
- D ophoqayo

(1)

4.3 Nikeza igama elinencazelo efanayo nelithi 'ukuzumeka'. (Isigaba sesi- 4)

- A ukulala
- B ukukhathala
- C ubuthongo
- D ukudinwa

(1)

4.4 Khetha igama eliphikisa leli elithi 'kalula.'

- A kahle
- B kabanzi
- C ngenkani
- D kanzima

(1)

4.5 "Besike saluhlokoloza lolu daba." (Isigaba sesi- 2)

Khetha umshwana ochaza kahle le nkulumo?

- A Ukuveza okucabangayo.
- B Ukuqala ukhulume ngento ethile.
- C Ukuqamba amanga.
- D Ukusho amaqiniso. (1)

4.6 Mawucishwe umabonakude. Lesi isikhathi sokulala kuphunyulwe.

Hlanganisa lemisho usebenzise isihlanganiso esifanele.

- A kanti
- B kodwa
- C ngoba
- D bese (1)

4.7 Hlobo luni lwesichasiso igama elithi 'encane'?

- A Ongumnini
- B Inani
- C Isibaluli
- D Isiphawulo (1)

4.8 Khetha umusho oveza isandiso senkathi kulena elandelayo?

- A Uzoyithola kuphela ngoMgqibelo.
- B Makungabi nomabonakude ekamelweni.
- C Lokhu kungamphazamisa esikoleni.
- D Omabonakude babi emakamelweni. (1)

4.9 Indodana ingabe isayisebenzisa iselula.

Guqula lo musho uwuqale ngomenziwa?

- A Ingabe isayisebenzisa iselula indodana.
- B Iselula ingabe isasetshenziswa indodana.
- C Indodana iselula ingabe isayisebenzisa.
- D Iselula indodana ingabe isayisebenzisa. (1)

4.10 Igama elithi 'umsebenzi' lingelinye lamagama abhalwa ngokufana kodwa abizeke ngokwehluka.

Ingabe lingena ngaphansi kwamaphi amabizo?

- A Omabizwafane
- B Amqondofana
- C Ophimbohluka
- D Amqondophika (1)

4.11 Kunenkulumo ethi, "Kungaphazamisa ubudlelwane." (Isigaba sesi-2)

Ingabe ichaza ukuthini le nkulumo?

- A kungaphazamisa ukuthembana
- B kungaqeda ukuzwana
- C kungaqeda ukusondelana
- D kungaphazamisa ukulekelelana (1)

4.12 Nikeza igama eliphelele lesifinyezo esithi 'njll'.

- A njalo
- B kungenjalo
- C nakanjani
- D njalonjalo (1)

4.13 Kule misho oyinikeziwe khetha lowo otshengisa ukubabaza?

- A Igenge encane ithanda imidlalo, 'ku-Google' no-'YouTube'.
- B Obani laba abathi! Amaselula namathebulethi angawulimaza umqomdo wezingane?
- C Maye! Ezobuchwepheshe njenge selula zihlukanisa imindeni.
- D Bangingi abantu abadala abasebenzisa umabonakude ukuze bazumeke! (1)

4.14 Khetha isabizwana soqobo esifanele esikhundleni sebizo 'ubuchwepheshe'.

- A kona
- B zona
- C bona
- D lona (1)

4.15 Ongoti baveza ukuthi izingane ezinomabonakude emakamelweni azo, azenzi kahle...zazo.

Gcwalisa ngegama elifanele.

- A kwazivivinyo
- B izivivinyo
- C nasezivivinyo
- D ezivivinyweni (1)

4.16 Khetha umusho osenkathini ezayo kulena elandelayo.

- A Nazi izindlela ezizonciphisa isikhathi sikamabonakude namaselula.
- B Nazi izindlela ezazinciphisa isikhathi sikamabonakude namaselula.
- C Nazi izindlela ezinciphisa isikhathi sikamabonakude namaselula.
- D Nazi izindlela ezanciphisa isikhathi sikamabonakude namaselula. (1)

4.17 Umzali uveze ukuthi indodana yakhe ibiqala ibanga–R.

Bhala lo musho oyinkulumo mbiko uwenze ube inkulumo ngqo?

- A “Umzali uveze ukuthi indodana yakhe ibiqala ibanga–R”.
- B Kuvezwe umzali,”indodana ibiqala ibanga-R.”
- C Indodana ibiqala ibanga-R “Kuvezwe umzali.”
- D “Indodana yami ibiqala ibanga-R,”Kuvezwa umzali. (1)

4.18 Kule misho elandelayo khetha lowo oqukethe ulimi oluveza inkoleloze.

- A Ezobuchwepheshe zithuthukisa kakhulu umphakathi.
- B Ezobuchwepheshe zingasetshenziswa yinoma ubani.
- C Ezobuchwepheshe ziqondwa kuphela abantu abafundile.
- D Ezobuchwepheshe zisetshenziswa umhlaba wonke. (1)

4.19 Isigaba sesi-7 senza msebenzi muni kulesi siqeshana?

- A siveza isihloko
- B siphetha indaba
- C siyisingeniso sendaba
- D sichaza indaba (1)

4.20 Ukubuka umabonakude ebusuku kwezingane zize zizumeke, “Kushiya izithombe zisadlala emqondweni.”

Yimuphi umqondo osobala ovezwa amagama acashuniwe?

A Abebekubuka akuphumi emqondweni wabo.

B Abakhumbuli konke ebebekubuka.

C Abazizwa bekhululekile bayethuka.

D Akulalekii bayaphupha kakhulu.

(1)

[20]

Ukuphela kokuhlola.

